# UMNYANGO WOKUTHELISA UYAQHUBEKA NOKUNYUSA ISIBALO SABABOSHWAYO UNYAKA NONYAKA: UMNYANGO WOKUTHELISA UBAMBE IZIMPAHLA ZENANI LIKA-R3.7 BILLION NGONYAKAMALI OWEDLULE

**Pretoria, 18 kuMbasa 2019 –** UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) selukhiphe izibalo zakamuva ezihlanganisiwe  ngokuboshwa okwenzeke kusuka mhla ku-01 kuMbasa 2018 kuya kumhla zingama-31 kuNdasa 2019. Isamba senani lazo zonke izimpahla ezibanjiwe lifinyelele ku-R3 694 742 928.

Ezinye zezibalo zibandakanya:

- Izidakamizwa ezishintsha indlela yokuziphatha: 892 ezabanjwa zenani elingu-R535 132 535
- Ugwayi: 220 owabanjwa wenani elingu-R50 252 520
- CITES (kubandakanya okusengcupheni yokuphela okufana ne-abalone): 43 eabanjwa zenani elingu-R 42 224 372
- Imali: 14 eyabanjwa yenani elingu-R64 986 630
- Izikhuthazi zocansi: 170 ezabanjwa zenani elingu-R69 280 100
- Izimpahla mbumbulu, izicathulo mbumbulu kanye nezinye izimpahla:  1 526 ezabanjwa zenani elingu-R2 710 118 775
- Izingubo nezindwangu (ezike zasebenza kanye nokunye okuphula umthetho): 407 okwabanjwa kwenani elingu-R7 988 166
- Utshwala: 298 obabanjwa benani elingu-R18 430 752

Uma kuqhathaniswa nangesikhathi esifanayo ngonyakamali owedlule ngalesi sikhathi (kuMbasa 2017 kuya kuNdasa 2018), isibalo sokubanjiwe sinyukile saya ku-6 828 sisuka ku-4 840, kanti inani lokubanjiwe linyukile laya ku-R3 694 742 928 lisuka ku-R2 461 425 369.

"IBamba loMphathi Omkhulu: uBeyers Theron uyaqhubeka nokuncoma izisebenzi zoMnyango wokuThelisa ngokuqinisekisa ukuthi izindawo zokungena zaseNingizimu Afrika azingenisi izimpahla  ezingekho emthethweni. Nabagibeli nabo, ikakhulukazi ngalesi sikhathi, bayagqugquzelwa ukuba bazijwayeze ngokuthi yiziphi izimpahla ezivumelekile neizngavumelekile ngokuvakashela isizindalwazi ku-www.sars.gov.za ukuze kube lula ukungena nokuphuma kwabo ezweni."

- Ezinye izigameko zokubanjwa zephrofayili ephezulu ngonyaka owedlule zibandakanya lokhu okulandelayo:
- Uwoyela we-Cannabis, wenani elilinganiselwa ku-R300 000 000, endleleni esuka e-Canada eza eNingizimu Afrika, wabanjwa eChwebeni laseThekwini mhla ziyi-07 kuMasingana 2019.
- I-Acetanthranil (engaphambi kwe-mandrax), yenani elilinganiselwa ku-R45 000 000, endlelni esuka e-Hong Kong eza eNingizimu Afrika, yabanjwa esikhumulweni sezindiza i-OR Tambo International Airport mhla ziyi-17 kuZibandlela 2018
- I-Acetanthranil (engaphambi kwe-mandrax), yenani elilinganiselwa ku-R43 000 000, endlelni esuka e-Hong Kong eza eNingizimu Afrika, yabanjwa esikhumulweni sezindiza i-OR Tambo International Airport mhla ziyi-17 kuZibandlela 2018
- Amaphilisi ayizikhuthazi zocansi (Generic Viagra) yenani elingu-R30 000 000, endleleni esuka e-India eza eNingizimu Afrika, abanjwa esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport mhla ziyi-13 kuNhlaba 2018
- Amaphilisi ayizikhuthazi zocansi (Generic Viagra) yenani elingu-R24 192 000, endleleni esuka e-India eza eNingizimu Afrika, abanjwa esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport mhla ziyi-13 kuZibandlela 2018
- Amaphilisi ayizikhuthazi zocansi (Generic Viagra) yenani elingu-R4 400 000, endleleni esuka e-Hong Kong eza eNingizimu Afrika, abanjwa esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport mhla ziyi-30 kuZibandlela 2018
- Izimpiko zoshaka, zenani elilinganiselwa ku-R7 200 000, esendleleni eya e-Brazil inqamula eNingizimu Afrika iya e-Hong Kong, zabanjwa esikhumulweni sezindiza i-OR Tambo International Airport mhla zi-04 kuNdasa 2019

- I-Abalone, enenani elilinganiselwa ku-R8 960 000, endleleni esuka eKapa iya eGoli, yabanjwa e-City Deep mhla ziyi-15 kuNhlolanja 2019
- Uphondo lukabhejana lwenani elilinganiselwa ku-R23 200 000, endleleni esuka eNingizimu Afrika eya e-Dubai, lwabanjwa esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport mhla zi-09 kuMasindana 2019
- Imali (USD) elingana no-R9 460 500, endleleni esuka eNingizimu Afrika eya e-Hong Kong, yabanjwa esikhumulweni sezindiza i-OR Tambo International Airport mhla ziyi-11 kuMandulo 2018
- Imali (US dollars) yenani elingu-R13 798 882 endleleni esuka eNingizimu Afrika iya e-Dubai, yabanjwa esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport mhla zingama-25 kuNhlolanja 2019
- Imali (US dollars) yenani elingu-R14 298 360 endleleni esuka e-Angola inqamula eNingizimu Afrika iya e-Dubai nase-China, yabanjwa esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport mhla zingama-30 kuZibandlela 2018
- Ugwayi oyi-1 766 200 wabanjwa emngceleni i-Beit Bridge Border Post mhla ziyi-17 kuMbasa 2018
- Ugwayi oyi-2 869 480 wabanjwa emngceleni i-Beit Bridge Border Post mhla ziyi-27 kuNdasa 2019
- Ugwayi oyi-5 012 040 wabanjwa emngceleni i-Beit Bridge Border Post mhla zingama-24 kuLwezi 2018